

INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA

NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES

MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULA UHLELO LWEMIGWAQO

KWADAMBUZA EMGUNGUNDLOVU, MHLAKA-08 APRIL 2014.

Mphathi wohlelo;

Nggongqoshe udadewethu uWeziwe Thusi;

AmaLungu esiShayamthetho;

IMeya yoMkhandlu waseMsunduzi: Khansela uNdlela;

Amakhansela akhona;

Ubuholi bezinhlaka zonke ezikhona emphakathini;

Abasebenzi beminyango kaHulumeni ngokwehlukana kwayo;

Izinhlaka zonke esisebenzisana nazo kwezokuThutha;

Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi njengoHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natal sesiphinde sathola leli thuba lokuzohlangana nomphakathi walapha KwaDambuza naseMsunduzi wonkana sizokhuluma ngezindaba ezithinta intuthuko.

Ukuza lapha namhlanje kuhambisana nezinhlelo zokubungaza iminyaka engamashumi amabili enkululeko nentando yabantu kulelizwe. Sizokhumbula phela ukuthi uMongameli wethu uMnuz Jacob Zuma ngenyanga edlule ukhiphe umbiko ochaza kabanzi ngebanga eselihanjiwe kusukela ngo-1994.

Nathi lapha KwaZulu-Natal sibe sesiqala uchungechunge lwezinhlelo zokuya kubantu lapho sibakhumbuza khona ngokubaluleka kwenkululeko nentando yabantu okumele sikuvikele ngandlela zonke ezindaweni esihlala kuzona.

Lokhu ikakhulukazi kusho ukuthi amalungelo esinawo ngokoMthethosisekelo kumele ahambisane nezibopho zokuvikela intando yeningi.

Uma silapha-ke KwaDambuza sijabula kakhulu ngoba abantu balapha ngobuningi babo basalokhu beyivikela intando yeningi. Basalokhu beqinisekisa ukuthi uHulumeni abamkethayo kuba nguhulumeni wabantu onakekelayo.

Abantu baKwaDambuza naseMsunduzi wonkana babe negalelo elikhulu ekutheni namhlanje sisho ngokuziqhenya ukuthi iKwaZulu-Natal ngempela isiyindawo engcono kakhulu kunangaphambi kuka-1994.

Ukwenza kwenu kunika ithemba lokuthi nakuba sisazi isikhathi sobandlululo esiphuma kusona, futhi sizazi nezinsalelo esibhekane nazo kule minyaka edlule yenkululeko, kodwa kancane kancane sizogcina sifikile nakulabo abasasalele emuva ekutholeni impilo engcono ngokuphelele.

Ukuqeda kwenu udlame lwezepolitiki olwaludla lubi lapha, futhi enazinqumela nina ukuthi anisalufuni, lokho kwanivulela indlela yokuhlomula ngentuthuko kulo Hulumeni wentando yeningi oholwa nguKhongolose.

Phela sihlale sisho ukuthi isisekelo sokuba nempilo engcono ngokuba nokuthula, intando yeningi nentuthuko.

Phakathi kwezinto esiziqhenya ngazo uma sikhuluma ngeminyaka engu-20 yenkululeko ngaphansi kwalo Hulumeni oholwa yi-ANC ezweni, sibone abantu bakhelwa izindlu, bakhelwa imitholampilo, bakhelwa izikole, bahlinzekwa ngamanzi ahlanzekile, bahlinzekwa ngogesi futhi bathola imigwaqo eyityela namabhuloho okuwela imifula.

Ngaphansi kwalo Hulumeni kaKhongolose abantu bakithi abaningi sebehlinzekwe ngemali yesibonelelo ukuze ingabi bikho ingane elala ingadlile. Omama uThusi balusingethe kahle lolo hlelo sikhuluma nje.

Siyazi futhi ukuthi baningi abanye ababesigxeka ngale mali besho izinto ezahlukenene. Kodwa njengoHulumeni onakekelayo asizange sizisole ngesinqumo sethu.

Ngaphansi kwalo Hulumeni waKwaZulu-Natal, sekube nokwenyuka ngo-80% kwezikole okufundwa kuzona mahhala neziphakela abafundi ababalelwa ku-2.1 million ukudla okunempilo khona ezikoleni.

Isibalo sezikole okufundwa mahhala senyuke safinyelela ku-4 739 ngonyaka odlule ka-2013, ezikoleni zomphakathi ezingu-6009 esifundazweni. Lolu hlelo luhambisana nokuzibophezela kukaHulumeni ukulwa nendlala nobubha emiphakathini ebonakala intula kakhulu.

Lapha KwaZulu-Natal sikwazile ukwenza ngcono imiphumela ka-Grade 12 isuka ku-57.8% eminyakeni emihlanu edlule yafinyelela ku-77.4% ngonyaka odlule ka-2013.

Odabeni lokuphepha, siyazi ukuthi baningi abantu abasalokhu beba yizisulu zobugebengu. Siyazi futhi ukuthi izigebengu zingagcina seziwubuyisela emuva umsebenzi omuhle esesiwenzile kule minyaka yentando yeningi.

Yingakho-ke ngaphansi komNyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi sesikwazile ukwakha izinhlelo eziningi zokulwa nobugebengu ikakhulukazi ngaphansi kombimbi lokulwa nobugebengu esithi, i-United Front Against Crime.

Nani lapha KwaDambuza ningofakazi njengoba sesike safika lapha sizinqinisa izinhlelo zokuphepha komphakathi.

Ngakolunye uhlangothi futhi, uHulumeni walapha KwaZulu-Natal kule minyaka edlule usungule uhlelo lokulekelela imiphakathi ukuba ibhekane nezinsalelo ngokuhlanganyela, esilubiza ngokuthi u-*Operation Sukuma Sakhe*.

Ngalolu hlelo sigcizelela ukuthi izinto zidingidwe ezingeni leWadi lapho abantu behlala khona. Noma ngabe hlobo luni losizo oludingeka kuHulumeni, okungaba okazwelonke, owesifundazwe noma umasipala, indaba iqala khona lapha.

Ngenxa yokuthi umsebenzi owenziwa kulolu hlelo ufana nempu yokulwa nezinkinga ezikhungethe abantu ngokwehlukana, izigcawu okuhlanganelwa kuzona sizibiza ngama-*war room*. Njengoba sonke-ke lapha sivela emaWadini athile, kumele wonke umuntu ayazi i-*war room* yangakubo.

Namhlanje singumNyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sithe masizokwethula uhlelo lokulungiswa kwemigwaqo emibili kuleli lokishi laKwaDambuza okuwu-Nomponjwane noSponono.

Lokhu kuhambisana nohlelo esilumemezele ngalo nyaka wezimali esiphuma kuwona, ukuthi njengomNyango sizolekelela oMasipala ukuba kulungiswe imigwaqo yasemalokishini emidala okungasahambeki kuyona ngenxa yokuguga.

Lolu hlelo silwenza ngokucaphuna emalini esiyithola emNyangweni wezokuThutha kuzwelonke esikhwameni sokunakekela imigwaqo esaziwa nge-Provincial Road Maintenance Grant (PRMG).

Sasishilo-ke nangenkathi silumemezela lolu hlelo ukuthi sizoluqalisa lapha KwaDambuza naseMondlo eBaqulusini.

Ingu-R18 million imali esiyifake kulo msebenzi. Ukulungiswa kwale migwaqo kusho ukuthi izohlelwa kabusha ukuma kwayo nalapho ihamba khona njengoba okunye okuvelile ocwaningweni lwethu ngukuthi lena emidala ibinqamula kakhulu ezindaweni ezinabanikazi futhi ingakubhekeleli kahle ukuphepha.

Siyajabula-ke ukuthi ngokulungiswa kwale migwaqo, abantu sebezokwazi ukufinyelela kalula esibhedlela nasemtholampilo njengoba izithuthi zomphakathi beziba nenkinga uma kunezimvula ezinkulu ngenxa yesimo somgwaqo.

Kuyasijabulisa futhi ukuthi kunamathuba emisebenzi amaningi azovela kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Siyazi ukuthi la mathuba esikhuluma ngawo kuba ngawesikhashana ngenkathi kwakhiwa, kodwa yiwona futhi asesize abantu abaningi ngamakhono agcina esebasiza uma sebefuna imisebenzi kwezinye izindawo.

Kanjalo nosonkontileka abancane bagcina sebenomlando abawuvezayo ngezinkampani zabo uma befuna eminye imisebenzi.

Maningi-ke namanye ama-project esesiwenzile nesisazowenza kulo Masipala waseMsunduzi nesiFunda sonke soMgungundlovu, okungashona ilanga uma siwabala.

Kodwa uma sibheka imisebenzi emikhulu yokufaka itiyela namabhuloho, esithi ama-*capital project*, asetshenzwayo nje lapha eMsunduzi singabala u:

- P412 phakathi kweNtembeni noNxamalala esifake kuwona u-R85 million;
- Impendle, Thandokuhle Creche, Mkhiz'obomvu noShange Local Roads eWillowfontein esifake u-R45 million;
- Willowfontein River Pedestrian Bridge ngo-R4.5 million elizosiza imiphakathi yaseWillow nakwa-BB;
- Msunduzi Vehicle Bridge eSigodini esifake kuwona u-R11.7 million;
- Nhlambamasoka Pedestrian Bridge eseliphothuliwe ngo-R1.8 million KwaMafunze eTaylors Halt;

- Amabhuloho okungelezinyawo, elesitimela nelokuwela ixhaphozi KwaPata wonke asephothuliwe ngo-R5.5 million.

Kukhona neminye imigwayo engenela emiphakathini esesihlele ukuyenza kulo nyaka wezimali ka-2014/2015 emawadini ahlukene lapha eMsunduzi ngemali engu-R86 million.

Kuleyo migwaqo kukhona u:

- Khanyile Local Road ku-Ward 6 KwaMafunze;
- Mphangeni Local Road ku-Ward 6 KwaMafunze;
- Mpiyamanzi Local Road ku-Ward 5 eNadi;
- Zakaria Local Road ku-Ward 4 eNadi;
- Nhlambamakhosi Local Road ku-Ward 3 KwaNxamalala.

Sengiphetha, ngithatha leli thuba ukuba ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni ngoMay, siyaninxusa ukuba niphume ngobuningi benu niyosebenzisa ilungelo lenu nivote kahle.

Okunye futhi, njengoba sibheke ePhasikeni siyaninxusa mphakathi ukuba nibhukule nibe yingxenye yomkhankaso wokugwema izingozi zomgwaqo ngalesi sikhathi.

Abazoya ezinkonzweni mabaqinisekise ukuthi izinqola abazohamba ngazo kanye nabashayeli bazo bonke basesimweni sokuba semgwaqeni.

Ngiyabonga.